

## USARS UGASELE KUSIGCINAMPAHLA ESINGABHALISIWE

**Tshwane, 5 kuNhlaba 2023 –** Amalungu oPhiko Lwemalingeniso Eqoqwayo LwaseNingizimu Afrika (SARS) nawoMnyango wamaPhoyisa (i-SAPS) agasele kusigcinampahla esingagunyaziwe esiseVryburg, e-North-West izolo, mhla ziyi-4 kuNhlaba 2023, bathatha impahla yokukhiqiza utshwala ne-bitcoin kwezigidi zamarandi.

Isigcinampahla sasisetshenziselwa ukuhlanganisa ngokungemthetho umshini wokugubha i-crypto siwuuhlanganise nesiphakelimandla sedolobha. Besiphinde sisetshenziselwe ukukhiqiza amabhodlela ayizi-14 617 otshwala obungayikhokhi intelo kanye namagama adumile akuleli.

Umshini wokugubha i-bitcoin unenani elilinganiselwa ku-R10 million kanti utshwala bona bulinganiselwa ku-R3.8 million. Isigcinampahla besinemishini eseizingeni eliphezulu abayisebenzisayo ukuze labo ababandakanyekayo bakwazi ukwenza imisebenzi yabo yobugebengu. Kuboshwe umuntu oyedwa wasemazweni angaphandle. Uphenyo luyaqhubeke kanti kulindeleke ukuba kuboshwe nabanye futhi.

UKhomishana wakwaSARS, uMnu Edward Kieswetter, ubonge ukubambisana okuqhubeckayo phakathi kukaSARS ne-SAPS ekubambeni labo abazimisele ngokubhebhethekisa izenzo zobugebengu. Uthe lokhu kugasela kuyingxenyne yesinqumo sikaSARS sokuqapha ngeso lokhozi abakhokhintela abaqhuba amabhizinisi angabhalisiwe kanye nokuvikela amabhizinisi asemthethweni. “Ukusetshenziswa ngendlela okungeyona kwamalebuli ezinto ezingakhokhelwa intelo ngenhloso yokugwema intelo okumele ikhokhwe kanye nezinye izivumelwano zobugebengu ezitholakale kulesi sigcinampahla kubukela phansi umnotho wethu kanti kuzobhekana nakho futhi kuzobhekana nengalo yomthetho”.

Ngolwazi olwengeziwe sicela uxhumane ne [SARSMedia@sars.gov.za](mailto:SARSMedia@sars.gov.za)